# *Indlela Ehlinzekwe nguNkulunkulu YaloluSuku*

...umBhalo. Ngijabula ngempela ukuba no, emuva emva kwami lapha kulobubusuku...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Phenyani emBhalweni, okwendikimba encane nje, iNkosi ithanda.

2 Futhi khumbulani, kusasa ebusuku, kukhulekelwa abagulayo futhi. Futhi manje uma ngikhuluma...Lalelani, wonke umuntu zamani ukwenza lokhu, ningalindeli noma yiyiphi into ethize ukuba yenzeke. Into yokuba niyenze, ngukumkholwa uNkulunkulu khona manje. Mkholweni khona manje! Niyabo?

3 Manje bekunazo zonke izinhlobo zezinkonzo. UNkulunkulu, ngalolu izinsuku zokugcina, ngiyakholwa, usiphe yonke into Anayo eNcwadini yaKhe. Yonke into Ayethembisile, siyibonile, futhi kusalokhu kubonakala sengathi abantu abakwazi ukukubamba-ngqi. Labo abamiselwe ukukubamba-ngqi, bazokubamba-ngqi; labo kuphela. Kuyamphuphuthekisa oyedwa; kuvule amehlo omunye.

4 Khumbulani, sikholwa ukuthi uJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Akafile, kodwa uphila kuze kube phakade. Futhi Ulapha kulobubusuku. SiseBukhoneni baKhe, kulobubusuku, futhi Ulapha ukuba aqinise futhi asenze sibe sihle noma yisiphi isithembiso Asenzele lolusuku. Futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngakho, noma yini Ayeyiyo, Uyiyo, kulobubusuku. Ngakho asiMkholwe manje, njengoba sifunda iZwi laKhe futhi sikhulume ngaYe, kwelandelayo eyishumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili.

5 UGenesisi, isahluko 22, nevesi 7 nele 8, ngendlela yokuthola indikimba.

> *UIsaka wakhuluma kuAbrahama uyise, wayesethi, Baba: wathi yena, Ngilapha, ndodana yami. Wayesethi, Bheka nanku umlilo nezinkuni: kepha liphi iwundlu lomnikelo elizakushiswa na?*
>
> *UAbrahama wathi, Ndodana yami, uNkulunkulu uzakuzibonela iwundlu lomnikelo elizakushiswa: bahamba bobabili kanyekanye.*

6 Nkosi Jesu, busisa iZwi laKho, kwangathi Lingebuyeze, kodwa kwangathi izimbewu zingawela emhlabathini ozothela insindiso kulabo abadingayo, kokubili ngokomzimba

nangokomoya. Sizinikela kuWe; ibandla, izethameli, iZwi, indikimba, ingqikithi. Kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha ubuthina bethu, ukuthi sibone uJesu Kristu. Amen.

7 Ngifuna ukukhuluma imizuzu embalwa elandelayo manje: *Indlela Ehlinzekwe nguNkulunkulu YaloluSuku.*

8 UNkulunkulu ubehlala njalo enendlela. Kunezindlela ezimbili, okungukuthi, izindlela zethu noma izindlela zaKhe. UNkulunkulu unendlela yanamhlanje, ngokuba Ubehlala njalo enza indlela yayo yonke into. UNkulunkulu, ekuqaleni, wayazi ukuphela, ngakho Weneke umBhalo waKhe wonyaka ngamunye. Nalowonyaka, uma ufika...Manje ningehluleki ukubona lokhu. Lowonyaka, uma ufika, ngokwejwayelekile inkonzo ixoveka kakhulu ezimfundisweni ezigqamile, nokunye nokunye, namasiko, isize yaqhela ngamamayela ayizigidi eZwini.

9 Futhi manje–ke uNkulunkulu njalo uthumela omunye othile enkundleni, umprofethi. Nalomprofethi...UNkulunkulu akayiguquli neze inqubo yaKhe. Akaziguquli neze izindlela zaKhe. Ukwenza njalo ngendlela efanayo. Ubekwenza njalo; Ufanele akwenze ngalesisikhathi. Futhi, ngalokhu, uNkulunkulu usebenza futhi uqinisekisa leloZwi. Njengoba ngikhulumile kini izolo ebusuku, uNkulunkulu enza ukuhumusha okungokwaKhe uqobo. UNkulunkulu akadingi-muntu ukuba ahumushe iZwi kuYe. ULihumusha qobo lwaKhe, ngokuLiqinisekisa, eLenza libe yilo ngempela. Futhi uma uNkulunkulu ethi Uyokwenza into ethize, khona–ke Uyayenza, awusekho umbuzo kukho. Yileyondlela Akwenza ngayo.

10 Ngakho uNkulunkulu usenzele indlela. UNkulunkulu uyabathanda abantwana baKhe. Uyabathanda abantu baKhe. Ufuna ukubasiza. Ufuna ukunisiza ngaphezu kokuba nifuna usizo. Uma nje ungahle ukuthole lokho enhliziyweni yakho, ukuthi uNkulunkulu uthanda kakhulu ukukusiza ngaphezu kokuba uzozisiza wena. Kodwa Unendlela, naleyo yindlela kuphela Ayosebenza ngayo ingendlela yaKhe. Ufanele uze ngokuvumelana kwaKhe, hhayi ukuvumelana kwakho. Ukuvumelana kwaKhe! Wena ukufuna ngendlela ethize, kodwa U—Ukunika ngendlela yaKhe.

11 NjengoNamani ecwila e—e—emanzini aseJordani. Ngani, wathi amanzi amaningi enhla ezweni lakubo ahlanzeke kakhulu impela futhi angcono, kodwa lokho kwakungesikho okwakushiwo ngumprofethi. “Cwila lapha.” Wacwila kanye, uchoko lusekhona; kasithupha, lwalusekhona. Wayedingeka athobe futhi eze ngendlela kaNkulunkulu. Futhi ngenkathi Eseyithobele ngokwenele indlela kaNkulunkulu, uchoko lwasuka.

12 Futhi ngiyasho, kulobubusuku, ukuthi uma sithobela indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, uchoko luzosuka, ukugula kuzosuka, yonke into izosuka, kodwa sifanele size ngendlela

yaKhe yalolusuku. Manje, ukucwila eJordani ngeke kwasiza lutho manje; lokho kwakungokukanaNamani. Umthetho wawungowama—ngowamaJuda. Umusa ungoKristu.

13 Kodwa unyaka ngamunye unengxenye yawo yeVangeli esivele ibikezelwe. LeliBhayibheli liyisambulo esiphelele sikaJesu Kristu. Kungebe kusabakhona okusazokwenezelwa kuLo, kumbe noma yini esuswa kuLo; umuntu okwenzayo uqalekisiwe. Singenezele lutho kuLo, singasusi lutho kuLo. Sifanele sibuke Lapha futhi sibone ukuthi yini ethenjiselwe lonyaka, bese kuthi–ke nikubone kwenzeka. Lowo nguNkulunkulu ehumusha iZwi laKhe uQobo. Ngenkathi Lithi, "Intombi iyakukhulelwa," yakhulelwa. Lokho ngukuhumusha kukaNkulunkulu kwaLo. Akwethembisayo, lokho Uyakwenza.

14 Manje siyabona ukuthi uNkulunkulu akaziguquli izinqubo zaKhe zokwenza izinto. Uhlala njalo ekwenza ngokufanayo. Thina siguquka njalonjalo ngoba singaba nesiphelo. Senza zonke izinhlobo zamaphutha, futhi singathuthuka futhi sithole ukuba ngcono. Kodwa uNkulunkulu ungongenasiphelo. Isinqumo saKhe sokuqala siphelele ngaso sonke isikhathi. Angeke athola ukuhlakanipha ngokuthe xaxa. Wayeyi . . . Ungumthombo wakho konke ukuhlakanipha. Uyikho konke ukuhlakanipha. Ungamandla onke, onamandla onke, osezindaweni zonke, owazi konke, nongenasiphelo. Ngakho ngakho–ke, uma Esho noma yini, lengisa umphefumulo wakho kuYo, ngoba iqinisile.

15 Manje amanye amabandla lithi, "Futhi asikukholwa *Lokhu*, futhi siyakukholwa *lokho*." UNkulunkulu akasoze ahlulela i—izwe ngebandla. Ulehlulela ngoJesu Kristu, noJesu uyiZwi. Uyokwehlulela ibandla ngeZwi.

16 Futhi uma *Lesi* kuyisambulo sikaJesu Kristu sayo yonke iminyaka, nesalonyaka, Wembulile kuleliBhayibheli Ayokwenza ngalonyaka; futhi uma siKubona kukwenza, uma siMbona enza lokho Athembisa ukukwenza. Hhayi ukuzala kwentombi; lokho kwakuseminyakeni eyizinkulungwane ezimbili ezedlula. Kodwa lokho Ethembisa ukukwenza namhlanje, Athi Uyokwenza namhlanje, yilokho Ayikho namhlanje.

17 Isikhathi esiningi, abantu bathi, "Awu, angikukholwa *Lokho*." Awu, unomhumushi kaEva futhi; nje uthatha ingxenye yaLo, kodwa hhayi konke okwaLo.

18 Ngakho sifuna ukukhumbula ukuthi uNkulunkulu uhlala njalonjalo engofanayo. IZwi laKhe, futhi Akushoyo, Uyokwenza.

19 Ukukhombisa ukuthi Akaguquki. KuGenesisi 1, Wathi, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo. Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo." Futhi khona lapho, sishaya into ethize khona lapho eshaya ikhiphe bonke abakholwa ukuthi into iguquka ibe ngenye into. Ungeke waphinda uzalanise izinto. Thatha njengehhashi ne—ne . . . ne—nembongolo, wakuzalanisa, uthola

umnyuzi, kodwa umnyuzi ungeke wabuye uzale futhi uthole omunye umnyuzi. Uma khona lapho. "Yonke imbewu ngenhlobo yayo." Bangenza ukuzalanisa, kodwa kuziguqukela khona kubuyele emuva ngqo futhi, kukhombisa ukuthi akuguquki kube ngenye into kanjalo. Qhabo, mnumzane. Kuma khona lapho. Ungasizalanisa isipinashi nenye into ethize, ndawonye, bese ukhipha umfino ikale, kodwa ungeke wakuzalanisa lokho ukubuyisele emuva futhi. Qhabo, mnumzane. Ungawuzalanisa ummbila obhasteliwe; kodwa ubuye utshale lowommbila obhasteliwe uwuphinde futhi, awutholi lutho. Ufanele uphinde uwuzalanise ngaso sonke isikhathi. Ngoba, uNkulunkulu wathi, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo."

20 Futhi manje, ngokubhastelisa izinto, bukani ukuthi izwe selingene kuphi namhlanje. Bengifunda udatshana lapha, kwi*Reader's Digest,* lapho, "Eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje, abesifazane ngeke besaba nezingane, uma kulokhu kuqhubeka. Badla ukudla okubhasteliwe." Into yakho ingukuthi, bakubhastelile, naleyo akusiyo indlela isidalwa esingumuntu esenziwa ngayo, ukuba sidle lolohlobo lokudla. Kwenzelwa ukukuhlangabeza e. . . noma ukukudla ngendlela okwadalwa ngayo. Yingalesosizathu, namhlanje, ukuthi abakwazi ukugcina inyama nayo yonke into yindlela okungayo, yingoba kubhasteliwe, kutshalwe endlini yengilazi yokumilisela, futhi, o, lonke uhlobo lwendlela. Konke nje kuxutshiwe. Sekufike lapho sonke isintu sesibhujiswa khona yizinzuzo zabo uqobo zempumelelo, ngokuzama ukuthatha into uNkulunkulu ayenza kahle, bese beyijika futhi bayenze ngenye indlela ethize, ngendlela yabo uqobo. Iyekeni ngendlela uNkulunkulu ayenza ngayo!

21 Sekufike ngisho nasendaweni ukuya lapho abazama khona ukubhastelisa amabandla, namhlanje; kusuka embhaphathizweni wangempela kaMoya oNgcwele, kuya ekuxhawulaneni; uhlobo oluthize lokufafaza, kuya embhaphathizweni wamanzi. O, he! Yonke into ingebhasteliwe. Sifuna ukubuyela emuva.

22 Isithombo esibhasteliwe, ufanele usitotose futhi usifuthe, futhi uvimbe izilwanyakazana namabhungane kusuke kuso. Kodwa hhayi isithombo esiphilile sangoqobo; siyisidlakela, siqinile, akukho-zilwanyakazana ezingeza kuso. Sinokwenele kuso ukuntshinga isilwanyakazana.

23 Futhi unjalo nomKristu wangoqobo! Awudingi ukuba umtotose futhi ummbambathe, futhi umtshele *lokhu, lokho,* noma *okunye*. Unento ethize kuye, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ontshinga konke okunye kwakho. Awudingi ukulokhu umgqogqa, ngoba uyisithombo sangoqobo sikaNkulunkulu. Unento ethize kuye elwayo. UmKristu ulwela lonke i intshi lomhlabathi ami kuwo. Ufanele akwenze lokho, uma eyoke

alindele ukuba abe khona. Futhi, ngokukwenza, kuNento ethize kuye emnakekelayo.

24 UEva wazama ukubhastelisa iZwi, ekuqaleni. UNkulunkulu wamtshela, "Mhla uwudla, kumhla ufa." Wazama ukuLizalanisa nokwazi uSathane amnika khona. Futhi ngenkathi enza, walahla isintu sonke, khona lapho, kudeveli, ngenkathi ezama ukuxubanisa iZwi likaNkulunkulu elingaxutshwe nalutho nokwazi. Aliveli ekwazini kwezwe.

25 Lifika ngamandla kaMoya oNgcwele! "Kungabi ngamandla, ngempi, kepha ngoMoya waMi," isho iNkosi. Ukwenza kanjalo–ke uNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu liyimbewu yokuPhila okuPhakade.

26 Uma uzama ukuLibhastela, uzokwenzani na? Uzozibulala ngaLo. Alizukusebenza. Alizukuxubana kanjenganamafutha noma amanzi engakaze axubane. Alizukukwenza.

27 Abakaze, kuyo yonke indlela, bazame ukuthola noma yini engcono kunendlela kaNkulunkulu yokukwenza. Niyazi, abakaze bayithole indlela, engcono, yokuba ichwane lizalwe kulelizwe, kunokuzigqobhozela lona liphume egobolondweni lalo. Benikwazi lokho na? Abakaze bayithole indlela engcono. Umfo omncane uzalwa enekhala elide ekugcineni kwelakhe—ekugcineni komlomo wakhe. Nalowomlonyana anawo, ukuba ayosebenza futhi ayohwaya, ehwaya emuva naphambili, aze aqalise ikhanda lakhe, akhiphele ikhanda lakhe ngaphandle, agqobhe indlela yakhe akhululeke. Yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Umdonsa umkhiphe egobolondweni, kuzombulala. Angeke aphile uma umdonsa umkhipha egobolondweni. Uzofanele eze ngendlela kaNkulunkulu.

28 Yileyo indaba ngamaKristu namhlanje. Siwathambise kakhulu ngensipho, sase siwaxhawula sase siwangenisa ngemfihlo, sase siwajoyinisa ebandleni. Akudingayo yi altare lomkhuleko eliyifeshini endala lapho abakhuleka khona baqede, baze bazisebenzise bona uqobo, beza ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, baze bazikhulule bona uqobo ezweni. Inkathazo yakho, namhlanje, bafaka igama labo encwadini bese bejoyina ibandla, futhi yilokho kuphela okukukho. Kodwa indlela kaNkulunkulu, indlela ehlinzekiwe, ngukuhlala lapho bese usebenza indlela yakho wedlule, uNkulunkulu aze akunike ukuZalwa okusha. Kunjalo impela. Mgqobhe umkhiphe, kuzombulala.

29 Yileyo indaba, namhlanje, ngabantu. UkuZalwa okusha, bonke bayakubalekela. Abakuthandi. O, babambise ngento ethize ngokuZalwa okusha, "yenyuka bese ukholwa, futhi yilokho kuphela okufanele ukwenze." UDeveli uyakholwa, qobo lwakhe, futhi niyazi akazelwe ngokusha. KunokuZalwa okusha. Kukhona okuhamba nakho, kuluhlobo lokungalingani, lokunganambitheki kulo izwe.

30 Noma yikuphi ukuzala kungamahlaphahlapha. Angikhathali ukuthi kukuphi. Uma kusesibuyeni sezingulube, noma—noma isibhedlela. Ukuzala kungamahlaphahlapha.

31 Kunjalo nokuZalwa okusha! Kuyokwenza wenze izinto obungacabangi ukuthi ubuyozenza. Kuyokwenza uwelele e altare futhi ukhale, udazuluke, ugeze upende ebusweni bakho, uphakamise izandla zakho, udumise uNkulunkulu, ukhulume ngezilimi, nazo zonke izinhlobo zezinto. UkuZalwa okusha kuyokwenza lokho ngoba kuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ukuba uzalwe ngokusha.

32 Uzofanele ufe. Uzofanele ufe ngaphambi kokuba uphind'uzalwe. Noma yiyiphi imbewu izofanele ife ngaphambi kokuba iphind'ivele futhi. Uma ingafi, ihlala yodwa. Umuntu uzofanele afe ekucabangeni kwakhe uqobo. Uzofanele afe ekucabangeni kwanoma yini kodwa iZwi likaNkulunkulu, futhi uze ngendlela yaKhe. Lowo ngumhlabathi kaNkulunkulu. Asihlangani naYe emicabangweni yethu; sihlangana naYe kulokho Athi kwenze. Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yakho. Abantu bayakubalekela; abakufuni. Kodwa kuyiqiniso, kuyafana nje. Kuyo, kuveza ukufa, futhi ufanele ufe, ufe ekucabangeni kwakho.

33 "Awu, ngiyazi iBhayibheli liyakusho, kodwa angikwazi ukukuqonda." Manje–ke hlala lapho uNkulunkulu aze akwembule. Kunjalo. Kune . . . Lokho ngukuZalwa okusha.

34 Amadada namahansi, abakaze bayithole indlela engcono yawo ukuba aye eNingizimu, kunokuba aphithize kuqala. Futhi lokho kunjalo. Nizowabona onke ebuthana ndawonye futhi ayozizela wona, uhlobo oluthize lokuzibonela ngokwemvelo luwadonsela ndawonye, futhi abuthana ndawonye bese ephithiza ngaphambi kokuba andize, ngaphambi kokuba aye eNingizimu. Kuyini na? Yisikhathi semvuselelo, uma onke esebuthana ndawonye. Sewake wakuzwa ukuqeketha empilweni yakho, njengokuzwa lawomahansi ebuthana ndawonye, noma lawomadada na? Angikaze ngikuzwe okunjalo! Futhi ane . . . Akukho okunye, indlela engcono yokukwenza.

35 Izikhathi eziningi, enhla emahlathini asenyakatho, ngibhekisisa ukuqala kwesimo sezulu esibandayo, eCanada. Umshungwana wamadada azalelwa khona lapho kulelochibikazi, awakaze asuke kulelochibikazi, lomfo omncane akakaze. Nento yokuqala niyazi, ihelehele elibandayo lehla livela eNyakatho. Leli elincane, iqhude ledada elidadlana, lizalwa lingumholi nje, liphumele khona lapho phakathi nalesosiziba, lisho liwuphakamisele emoyeni umlonyana walo elikhala ngawo, likhale kane noma kahlanu, futhi onke amadada esizibeni eza ngqo kulo. Bese liphakama lapho, bese liqonda ngqo nje eLouisiana ngangokuhamba kwalo, liya emasimini erayisi.

36 Ngani na? Abakaze bayithole indlela engcono yalo ukuba lifike lapho. Ungeke wawabutha. Uwafaka ekuphekeni bese. . .isivalelo, bese uwehlisela lapho ngetrakhi. Lelodada linomuzwa ongcono kunalokho. Bese ulifaka kulesosivalelo, ukuba ulehlisele lapho, liyazi ukuthi liqondiswe esibayaneni sokuhlabela. Lokho kunjalo impela. Lihamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.

37 Yileyondlela umuntu abefanele enze ngayo namhlanje, angeluselwa phakathi ngesivalelo esithile sehlelo. Kodwa ngena ngendlela uNkulunkulu athe ngena ngayo, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele nokuZala okusha, imvuselelo ephithizayo. Hhayi ukujoyina ibandla, ucela usuke emnyango uye emnyango, futhi wedlulisa amaphephabhuku; kodwa ukuZala, ngokuzalwa ngokusha, wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, indlela kaNkulunkulu, ezikhulula ezweni. Kunjalo! Ukholwa yiZwi likaNkulunkulu! Ihora lilapha. Yilokho esifanele sikukholwe.

38 Ndoda, ungeke neze wa. . .Angikhathali ukuthi bangaki indoda ebingazama ukuya kulesosiziba enhla lapho bese ithi, "Manje ake nime kancane, nina madada amancane, nginokuthile kokukuxoxa kini. Sinedada elifundile lapha. LinePh.D. neLL.D. Ngiyanitshela, linganihola."

39 Lawomadada anomuzwa ongcono kunalokho. Yebo, mnumzane. Awakhathali ngemfundo yalo engcono, noma ngabe kuyini. Ayakwazi ukuzwa ngokukhala okuthize elikukhalayo. Ngukuzibonela ngokwemvelo. O, he! Ibandla belifanele likwazi lokho kakhulu ngeZwi likaNkulunkulu!

40 Yizwi elithize elingaqondakali. IBhayibheli lasho, uPawulu wathi, "Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakali, ubani ongazilungiselela impi na?" Kunjalo, uma ibandla—uma ibandla likhala ngezwi elingaqondakali loku "joyina."

41 UNkulunkulu wathi, "UkuZala!" UkuZala okwakwenza lapho, ukuZala kwenza okufanayo namhlanje, ngoba uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ayeyikho ngaleyonkathi, Uyikho namhlanje. Abakwenza ngaleyonkathi, yinto efanayo esiyenzayo namhlanje. Indlela ababanaLo lapho, yinto efanayo abayenza namhlanje. Into efanayo abanayo namhlanje, yileyo ababenayo emuva lapho. Uma Ifika empeleni, Ifika ngaleyondlela. Leyo yindlela, indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ayiguquki neze.

42 Amadada awaguquki neze. Aphithiza ngokuphelele, njalo ngonyaka, aya enyakatho, eningizimu, futhi nangayiphi indlela aya kuyo. Ayaphithiza kuqala.

43 Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo. Uthumela iZwi laKhe ngenkathi yonyaka, leyonkathi yonyaka, bese–ke Liyabonakaliswa. Futhi angikhathali ukuthi zingaki ezinye izinto ezenzekayo; uma bebona iZwi likaNkulunkulu

elithenjiselwe lolosuku, liqinisekiswa futhi lethenjiswa, akukho lutho oluzobamisa. “Intombi iyakukhulelwa.” Futhi ngenkathi besho . . .

44 “INkosi uNkulunkulu wethu iyakuvusa umProfethi onjengami,” uMose washo.

45 Futhi ngenkathi bebona loMuntu eza futhi enza izinto Azenzayo, bazi ukuthi lowo kwakunguMesiya. Ngenkathi uFiliphu ekubona lokho kwenziwa, wathi, “Wena unguKristu. Wena uyiNkosi kaIsrayeli.” Wayekwazi ngoba iZwi lalikwethembisile, futhi kwakuphila ngalolosuku. Akunandaba ukuthi bangaki abaFarisi, abaSadusi, owayemi ezungezile, oDokotela bezobuNkulunkulu, akummisanga nakancu, ngoba wayebheke lesosibonakaliso. Ngenkathi esibona senziwa, leso kwakuyisibonakaliso sehora. Yilokho ababekubhekile, indlela kaNkulunkulu ihlinzekiwe. Yebo, mnumzane.

46 Manje ubungeke unike idada, imfundo. Belingeke likwenze. Belingeke liyifune. Onke amanye amadada abengeke alilandele, akunandaba ukuthi zingaki iziqu ebelingathi linazo. “Manje, bukani lapha, ngiye esikoleni samadada. Ngazi konke ngaso. Ngithweswe iziqu. Ngiyazazi zonke lezizinto.” Kungeke kwenze nokuncu okuhle. Akukho nalinye lamanye amadada ebelingalilandela, uma engamadada angoqobo, amen, ngoba abheke isibonakaliso esithize. Ngenkathi ebona lesosibonakaliso, ayasikholwa.

47 Futhi uma idada linendlela yokukwazi, kuthiwani–ke ngomKristu ozelwe ngokusha na? Besifanele simazi uJesu Kristu emandleni okuvuka kwaKhe. Kunjalo. UNkulunkulu ukwenza ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.

48 Khumbulani, imfundo ibingeke yaba yithuluzi lokuwaholela endaweni ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ithuluzi analo lingukuzibonela ngokwemvelo. Futhi wona, lawomadada, ayazi ukuthi lokho-kuzibonela ngokwemvelo kuyowayisa kanjani endaweni ehlinzekwe nguNkulunkulu.

49 Kanjalo noMoya oNgcwele uthatha iBandla uliyise endaweni ehlinzekwe nguNkulunkulu. Hhayi ukujoyina ibandla, kodwa ukugcwaliswa ngoBukhona baKhe, ukubona iZwi laKhe libonakaliswa, liqinisekiswa. Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yebandla, njalo, yenzelwa abantu, ukubaletha endaweni uNkulunkulu abahlinzekele yona. Yilokho impela ibandla elifanele libe yikho namhlanje. Manje, siyazi ukuthi lokho kuliqiniso.

50 Ayikho indlela engcono ye . . . Abakaze bayithole indlela engcono yengane ukuba ithole ekufunayo kunokuba ikukhalele. Uma uyinika insimbi ekhalayo, bese uthi, “Junior, unezinsuku ezintathu kuphela ubudala, kodwa manje uma ufuna, uma ufuna ibhodlela lakho, uphakamise lensimbi ekhalayo bese uyikhalisa,” ubone ukuthi kuyasebenza yini.

Akusebenzi. Ingane ikhalela lokho ekufunayo. Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ngenkathi ukhala kakhulu... Ungambhaxabuli umfo omncane, ulandela kuphela indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ufuna into ethize. Kunjalo. Yiyonandlela kuphela ayaziyo ukubiza umama wakhe; uyakudazulukela, akukhalele. Kunjalo.

51 UNkulunkulu uncoma lokhu kubantwana baKhe. UNkulunkulu uncoma lokhu kubantwana baKhe abakholwayo. Wakwenza. Hhayi izinkulumo zezihlakaniphi, hhayi isayense enkulu ethize yezenkolo, isayenze yezenkolo yokufundisa. Ufuna nina nikhalele izidingo zenu. Futhi lokho kunjalo, kukhaleleni kakhulu! Nigongobele kakhulu futhi ninesitashi, anisoze nakuthola. Uma usulungele ukugobeka kalula uphakame kancane, futhi ukhale, uNkulunkulu uzokupha khona. Uyathanda ukuzwa abantwana baKhe bekhala. Khalelani izidingo zenu kuNkulunkulu! UNkunkulu uyakufuna. Leyo yindlela yaKhe ehlinzekiwe. Kukhaleleni kakhulu! Yileyondlela ingane ekhala ngayo; yileyondlela Afuna nikhale ngayo.

"Nikhale kuze kube nini na?"

52 Ingane ikhala kuze kube nini na? Ize ithole ukweneliseka. Futhi yileyondlela umKristu okholwayo afanele enze ngayo, umntwana kaNkulunkulu. Uma ubona ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso, ungakudeli, khala kuze kuphendulwe. Khala uze ubone uNkulunkulu eqinisekisa iZwi laKhe. Uma uNkulunkulu eqinisekisa iZwi laKhe, futhi efakazisa ukuthi sekulapha, khona–ke awudingeki ukuba ube usakhala; usunakho, suka uhambe futhi uMbonge ngakho. Uze wenze lokho, dazuluka kakhulu uze ukuthole. Ngiyakuthanda lokho, ukuba nokuphikelela, ubambelele.

53 Hhayi isithombo esibhasteliwe, hhayi leso esizodingeka ukuba sitotoswe futhi siphathaphathwe, futhi sihambe sithwalwa. AmaKristu angezangempela, zangokoqobo, ezizelwe, izimpahla zikaNkulunkulu. Alwela isikhundla sawo, futhi alwa aze aqede kulomhlaba. Wonke umnyakazo wakho ngukulwa.

54 UNkulunkulu watshela uMose Umnika izwe. Watshela uJoshuwa, "Yonke indawo unyawo, noma amathe onyawo lwakho, anyathela kuyo, leyo Ngikunikile yona." Babedingeka balwe onke ama intshi ayo. Ngakho silwela onke ama intshi ayo. Akusiyo into ethize yokutotoswa futhi imbambathwe, futhi izungezwe kanjalo, futhi uthi, "Awu, ngizokuyisa laphaya, ngibone ukuthi ucabangani ngakho. Yedlulisa umbono wakho." Leyo akusiyo indlela yokuza.

55 Woza unokuzimisela. Woza ukuthi uzohlala lapho kuze kuphele. Hlala lapho uNkulunkulu aze aphendule futhi aqinisekise. Umuntu okholelwa kuNkulunkulu, angabona uBukhona bukaNkulunkulu, abuzwe ngokuthinta uBukhona bukaNkulunkulu, abuzwe ngomuzwa uBukhona

bukaNkulunkulu, futhi azi ukuthi Ulapha. Ulapha ukuba aphendule yonke into Ayenzela isithembiso salolusuku. Manje–ke, khala uze uyithole! Bambelela kuYe. Ungasuki, uma uzohlala imini nobusuku. UNkulunkulu akafuni ukuba abantwana baKhe balalele izinkulumo zezihlakaniphi. Ufuna bakhale kakhulu kuKho, isithembiso size siqinisekiswe.

56 UAbrahama lapha wayenesidingo somhlatshelo. Kwenzekani na? UNkulunkulu wamhlinzekela iwundlu. Leyo kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Wayedinga umhlatshelo, ngakho uNkulunkuu wawuhlinzekela. Kamuva, wabiza indawo ngokuthi yi*Jehova-Jire*, "iNkosi iyoZibonela umhlatshelo."

57 Manje, uJobe, ngesinye isikhathi, umprofethi omdala, uJobe. Wayengumprofethi. Wayengene enkathazweni. USathane wayefise ukumlinga, futhi wambhedukisa ngamathumba. Futhi uthathe abantwana bakhe, uthathe imfuyo yakhe, uthathe konke ayenakho, wayesembhedukisa ngamathumba.

58 Nabaduduzi bakhe bayafika, benzani na? Abahlinzekanga lutho kodwa ukukloloda, bamchukuluza, bemtshela ukuthi, "Ngani, wonile, ngemfihlo."

59 NoJobe wavele nje wabambelela ngqo. Wakhala kakhulu. Wayeqinisekile ukuthi wayelandela imiyalo kaNkulunkulu. Wayenze khona impela nje uNkulunkulu ayethembise ukukwenza. UNkulunkulu ayemethembise khona, ukuthi Wayezoma ngakuye, phansi komhlatshelo wokushiswa, futhi wahlala lapho.

60 Ngakho, uNkulunkulu wamhlinzeka ngombono. Wayengumprofethi. Wabonani na? Wabona iZwi, uJesu Kristu. Wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Nasezinsukwini zokugcina, Uyoma phezu komhlaba. Noma izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu." Niyabo, Wamhlinzeka ngombono wokuvuka. Yena engumprofethi, wabona iZwi. Wabona iZwi futhi wazi ukuthi amathambo akhe nomzimba wakhe wawuyovuka futhi ngosuku lokugcina. Wabuzwa ukuthi ngabe wayazi yini ukuthi uNkulunkulu wayekuphi, uma kuphela wayengabona.

61 Wathi, "Imbali iyafa, ibuye ivuke; umuthi ushona phansi, ubuye uvuke; kodwa umuntu ulala phansi agqabuke, aphele, uphi na? O sengathi Ungangifihla endaweni yabafileyo, futhi ungisithe endaweni kuze kudlule intukuthelo yaKho."

62 Kwase kuthi–ke imidumo iqala ukuduma, umbani uqala ukubaneka, uMoya weNkosi ufika phezu komprofethi. Wayesesukuma–ke, wayesebona ukuFika kweNkosi, wayesedazuluka, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uyakuma emhlabeni. Noma izibungu zesikhumba sibhubhisa lomzimba, enyameni yami

ngiyakumbona uNkulunkulu." UNkulunkulu wahlinzeka iZwi, uJesu Kristu, futhi waMbona futhi waMbiza ngoMhlengi wakhe.

63 UIsrayeli wayedinga indlela yokuphuma eGibhithe, noNkulunkulu wabahlinzeka ngomprofethi, umprofethi owaqinisekisa iZwi elathenjiswa kuAbrahama. Impela, indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu! Babengenakuliqeqesha isosha, babengenakukwenza *lokhu,* babengenakukwenza *lokho.* Into kuphela abayenza kwakungukulindela indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Futhi Watshela, wathi, "Wayeyobakhipha labobantu, emva kweminyaka engamakhulu amane. Abantu baKhe babeyoba sebugqilini, kodwa Wayeyobakhipha ngesandla esiqinile. Wayeyokhombisa izibonakaliso zaKhe nezimanga, futhi athole inkazimulo kulesosizwe."

64 Nakhu kwehla indoda, ngenkathi bekhala bekhala! Futhi manje khumbulani, konke ukukhala akukwazanga ukubakhulula, kwaze kwagcwaliseka lesosikhathi.

65 Lezizinto esizibona namhlanje, zazingenakwenzeka eminyakeni engamashumi amabili eyadlula, noma iminyaka engamashumi amane eyadlula. Kunamhlanje okwenzeka khona. Yileli ihora! Yilesi isikhathi! Manje sekuyisikhathi okugcwaliseke ngaso. Ngani na? UNkulunkulu wakwethembisa, futhi nakhu.

66 Basho, eminyakeni eyikhulu eyedlula, ukuthi, "Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele wawungeke wabakhona futhi." Bathi, eminyakeni engamashumi amahlanu eyadlula, "UMoya oNgcwele . . . " Kodwa nina bantu abangamaPentecostal nibafakazisile, ukuthi kwakuyihora likaNkulunkulu ukuthulula uMoya oNgcwele. Akunandaba ukuthi iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela athini, wawuhlala ngqo neZwi likaNkulunkulu. Amadoda anesibindi aphumela lapho ayesebambelela kwaze kwafika uMoya oNgcwele, base bekhuluma ngezilimi futhi bamtusa uNkulunkulu. Akekho ongakutshela noma yikuphi okwehlukile. UNkulunkulu ungumhumushi waKhe Yena; ninakho. Ningahle ningakwazi ukukuchaza, kodwa niyazi ukuthi ninakho. Ubani ongachaza uNkulunkulu na? Akukho-muntu ongamchaza.

67 Ngeke nganitshela ukuthi uNkulunkulu angawubonisa kanjani umbono, kodwa ngiyazi ukuthi uyenzeka. Angikwazi ukubona ukuthi uNkulunkulu angazenza kanjani lezizinto. Akusiwo umsebenzi wami ukukuchaza. U, hlala yedwa. UnguElohim, Onele konke. Ngiyinceku yaKhe nje. Ngiyazi ukuthi Wakwethembisa, futhi ngiyazi kulapha. Yileyonto eyodwa engiyaziyo. Ngiyakwazi lokho, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngiyazi Wakwethembisa lokhu, noNkulunkulu ulapha ukwenza isithembiso saKhe sibe yiqiniso. Ya. Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu!

68 UIsrayeli wahlinzekwa ngomprofethi, lokho kwaqinisekisa iZwi, futhi bakhishwa. Lomprofethi, uMose, waphila iminyaka eminingana ehlane, iminyaka engamashumi amane, ezabalaza nalababantu, ezama ukubagcina aze akwazi ukubafikisa ezweni elithenjisiwe. Kufika endaweni, indoda yafa; wayeseneminyaka eyikhulu namashumi amabili ubudala. Yayingekho indawo kuye ukuba afele kuyo. Ngenkathi eselungele ukufa, uNkulunkulu wamhlinzekela iDwala; iDwala ayelishayile ehlane, iDwala elalibalandele, ababephuze kulo. UNkulunkulu wamhlinzeka ngeDwala, indawo yokufela, lapho uMose ayengafa khona ukufa okuhloniphekile.

69 Phezu kwaleliDwala, Nkulunkulu, mangifele kuleloDwala elifanayo! Yilapho engifuna khona. LeloDwala lalinguKristu Jesu. Yebo, mnumzane.

70 Emva kokuba esefile, phezu kwaleloDwala, wayedinga abathwali bebhokisi lesidumbu. UNkulunkulu wamthumelela isigejane seziNgelosi. Kungani kungabi yisigejane sakhe samalunga amadala na? Ngoba akekho owayengamthatha amyise lapho ayeya khona, kodwa iziNgelosi. Zamthwala zamyisa eBukhoneni bukaNkulunkulu, wayedinga abathwali bebhokisi lesidumbu noNkulunkulu wakuhlinzeka. Wahamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Haleluya!

71 UEnoke wayehambe iminyaka engamakhulu amahlanu noNkulunkulu, futhi waMthokozisa. Wayedinga umgwaqo omkhulu ukuba ahambe kuwo aye eKhaya. UNkulunkulu wawuhlinzeka.

72 UElija wayeqalekise uJezebele ngobuso bakhe obupendiwe, nendlela yakhe ayeyenzisa bonke abantu. Futhi wayesekhathele futhi ekhandlekile, futhi wayesezoya eKhaya. Wayeseguge kakhulu kwase kul'khuni ukuba awele iJordani; uNkulunkulu wamhlinzekela indlela ukuba awele iJordani. Wayefuna ukwenyukela eZulwini, ukuyohlangabezana noNkulunkulu; uNkulunkulu wathumela inqola yomlilo yehla, namahhashi, ayesemkhuphula. Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Uhlala njalo ekwenza impela nje. Kunjalo. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu uhlinzeka indlela, njalo. Yebo.

73 Izazi, ngenkathi zisendleleni yazo zivela enhla eBabiloni, zazibona indlela zazifuna ukwehla, ngoba zazazi ukuthi leNkosi yayizozalwa. Zazidinga inkombandlela; uNkulunkulu wayehlinzeke ngeNkanyezi. Zashiya yonke enye into ngemuva. Zazinga dingi izinkombandlela; zalandela iNkanyezi. Yayiyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. UNkulunkulu wahlinzeka indlela, zazilandela iNkanyezi zaze zathola ukuKhanya okuphelele. O!

74 Izwe lalidinga uMsindisi, ngoluny'usuku. Babelahlekile; babengakwazi. Babecabanga ukuthi babesindisiwe, kodwa

babedinga uMsindisi. UNkulunkulu wahlinzeka ngeNdodana, ibe nguMsindisi. Ngani na? Akekho omunye futhi owayengakwenza. Kwakungekho-muntu emhlabeni, kungekho-muntu eZulwini, engekho-ndawo, owayekwazi ukukwenza. UNkulunkulu wasibekela intombi, yakhulelwa futhi yazala uMntwana wesiLisa. NalowoMntwana wesiLisa wayengesilo iJuda noma oweZizwe. WayenguNkulunkulu, wabonakaliswa enyameni, okunguYena kuphela owayengahlenga. IGazi laKhe liyasisindisa. IGazi laKhe liyasiphilisa. YileloGazi esingama kulo, kunoma yisiphi isithembiso Asenza. UNkulunkulu wethembisa ukusenza.

75 UNkulunkulu uhlangana kuphela nomkhonzi ngeGazi, naphansi kweGazi. UIsrayeli wayenendawo eyodwa yokuhlangana noNkulunkulu. Hhayi e. . . UNkulunkulu uneNdawo eyodwa, namhlanje, A—Ahlangana kuyo nomkhonzi; hhayi eMethodisti, Baptisti, noma ePentecostal. Uhlangana nabo phansi kweGazi. Yileyondlela kuphela ehlinzekiwe uNkulunkulu anayo; hhayi enhlanganweni, hhayi enyunyaneni. Kodwa eGazini yilapho uJesu Kristu ehlangana khona nomkhonzi waKhe. "Nxa Ngibona iGazi!" Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.

76 Emva kokuba ibandla lase likholisisekile, ngenkathi sebeMbonile, ukuthi WayenguMesiya!

77 Ngenkathi owesifazane omncane emthonjeni, ngenkathi wayedinga uMsindisi, wayedinga okuthize ukukhombisa. Wayekade esebandleni nayo yonke eny'into, futhi babekade bebone lesisivumokholo nalesosivumokholo, kwaze kwathi, waphenduka waba yisifebe. Kwamphendulela emgwaqeni. Ngoluny'usuku, wayeyokha ibhakede lamanzi, cishe ngeleshumi nanye nqo emini, futhi nakho kuhlezi iNdoda; iJuda enhla lapha, kulelizwe elincane elibonaka lonke sikhathi sinye. Futhi wathi . . .

78 Ngenkathi elithi qithi phansi ibhakede lakhe phezu kwesigwedlo, ukuba akhe amanzi, wezwa iNdoda ithi, "Sifazane, Ngiphuzise." Wayesethi . . .

79 Wajika ngokushesha, futhi eMcabanga ukuthi uyiJuda elejwayelekile nje, ngokuba Wayengumuntu nje mayelana nomzimba. WayeyiNdoda; edla, ephuza, walala, njengoba senza. Wayengumuntu kakhulu ngangokuthi Wakwazi ukuthi afe, futhi nokho WayenguNkulunkulu. Manje–ke siyathola, ukuthi ngenkathi . . .

80 Wathi "Akusilo isiko ukuba nina maJuda nicele amaSamariya izinto ezinjengalezo."

81 Wathi, "Kodwa uma bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi." Wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

82 Wathi, “Usho iqiniso. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho.” Kwenzekani na? UNkulunkulu wayemhlinzekele into ethize.

83 Wathi, “Nkosi, ngiyabona ungumprofethi Wena. Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto. Yilokho Ayokwenza. IZwi lisho njalo. Sibheke khona. Sengikhathele ngidiniwe yizo zonke lezizinto, izivumokholo zabo nezinto, abaFarisi, abaSadusi, nabakaHerodi, noma kungahle kube yini. Kodwa siyazi uMesiya uyeza, nxa Efika. Uthini ngakho na?”

84 Wathi, “NginguYe.” Amen! UNkulunkulu wayehlinzeke indlela. Washiya imbiza yamanzi, esengowesifazane oguqukile, wayesegijimela emzini, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe yini nguye impela uMesiya lona na?”

85 UPetru, lalelani indaba ka Andreya, futhi izikhathi eziningi wayekade elalele, wezwa u Andreya ekhuluma ngoJohane ethula uMesiya, neNdoda, nazo zonke lezizinto zenzeka. Konke kwakuyimfihlakalo kuPetru. Kodwa ngoluny’usuku ufika noAndreya, ukuzobona uJesu. Futhi ngenkathi efika eBukhoneni bukaJesu, uJesu wambuka, Wayesethi, “Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.” UNkulunkulu wayehlinzeke indlela kaPetru ukuba abone ukuthi WayenguBani. WayeyilowoMesiya.

86 Manje siyathola, ukuthi emva kokuba uJesu esefile, futhi wenyukela eZulwini, ibandla lalidinga Amandla, ukuba lifakaze. UNkulunkulu ubanika iPhentekoste. Wahlinzeka ngePhentekoste.

87 Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili seyedlule, bangani. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili seyedlule. Kulezizinsuku zamuva, sithole kanjalo, umuntu usengene enqubweni yobuKristu futhi usebuye waBuphendukezela futhi, waBubhastelisa nezivumokholo, amabandla, amahlelo, izinkulumo zezihlakaniphi, sekuze kwathi Amandla nento yangempela yeVangeli likaKristu sekulahleke ngokwangempela. Futhi nakhu sikhona neZwi elithenjiselwe lolu izinsuku zokugcina, okuyokwenzeka, okuzokwenzeka; umuntu akaLikholwa. Basukile kuLo. Ubabuza ukuthi ngabe bangamaKristu yini; bathi, “Ngisonta ku*s’bani-bani*.” Lokho akusho neyodwa into. Ufanele ube ngumKristu ngokuzalwa. Manje sinayo yonke into iseBabiloni futhi, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili.

88 Ibandla namhlanje lidinga Amandla neQiniso, futhi. O! UNkulunkulu wavusa iNdodana yaKhe, ukuthi lokhu kuyonakekelwa, ngokuba Wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini.” Siyathola, kumaHeberu 13:8, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

89 Siyathola, kuMalaki 4, ukuthi Wasethembisa uMlayezo ngezinsuku zokugcina, oyo "buyisela ukuKholwa kwabantu kubuyele kobaba futhi." Wakwethembisa, ngezinsuku zokugcina.

90 Wethembisa futhi, kuJohane 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza. Ngisho nemininingi kunalo, noma emikhulu kunalo, uyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi."

91 Wayekhuluma ngoluny'usuku. Bathi, "Nkosi, sikhombise isibonakaliso."

92 Wathi, "Isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo sifuna isibonakaliso." Yilesosizukulwane esiphila kuso namhlanje. Wathi, "Futhi Ngiyakubanika isibonakaliso. Ngokuba njengoJonase wayesesiswini somkhomo, izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo neNdodana yomuntu nga iba senhliziyweni yomhlaba, izinsuku ezintathu nobusuku."

93 Hlobo luni lwesibonakaliso isizukulwane esibi nesiphingayo ebesingasithola na? Isibonakaliso sokuvuka. Futhi yilokho esithenjiswa khona namhlanje, isibonakaliso sokuvuka ukuthi Usaphila, Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

94 Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti," njengoba sedlule kukho izolo ebusuku. "Imihla kaLoti, okwenzeka emihleni kaLoti, kwakuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Lezizinto esithenjiswa zona, eminye eminingi imiBhalo. Ukuvimbela ukudla isikhathi . . . "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. *Kosmos*, 'ukuma, unyaka webandla,' bangeke besaNgibona. Nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka." "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Kuyini na? Yisibonakaliso esihlinzekwe nguNkulunkulu, indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.

95 UAbrahama elindele indodana. Isibonakaliso sokugcina asibona ngaphambi kokubhujiswa kwabeZizwe, sasinguNkulunkulu ebonakaliswa enyameni, owayazi izimfihlo zenhliziyo kaSara ngenkathi esethendeni. UJesu wathi, "Lokho kuyobuya futhi ekufikeni kweNdodana yomuntu." Mfowethu, dadewethu, ngikholwa ukuthi siphila kulolosuku. Ngikholwa ukuthi yilolusuku lwesithembiso.

96 Nizofanele nibe nokukholwa kulokho enikwenzayo. Uma ningenakho ukukholwa, uma nje nikuthatha ngokuzicabangela . . . Igama *ukuzicabangela,* ngokukaWebster, kusho ukuthi, "ukulinga ngaphandle kwegunya." Kodwa uma iZwi likuthembisa, noNkulunkulu ema emva kwaleloZwi, anisazicabangeli. Nenza khona impela uNkulunkulu athi kwenzeni, futhi Ubophezelekile ukuba aKwesekele.

97 Omkhulu, odumile, u—umvuseleli, eminyakeni eminingi eyadlula, ngimbonile ngisengumfanyana, wayenguPaul

Rader. Waxoxa indaba, ngoluny'usuku, eyayihlala njalo ingidida. Wathi, "Ngoluny'usuku, sasinquma izinkuni." Wayengumgawuli-mithi yokwenza amaplangwe, enhla eOregon, futhi wathi ubasi wamtshela ukuba enyukele esiqongweni segquma. Wayephupha. Lapho ayekhona ngempela, ngesikhathi, wayesezansi eziqhingini; wayesengenwa yimfiva, kushisa ngempela, futhi wayefa. Baya kofuna udokotela, kodwa kwakuqhele ngamamayela ngamamayela, ngesikejana esigwedlwayo.

98 Ngaphambi kokuba udokotela afike lapho, uPaul uqala ukufiphala, uya ngokugula ngokugula. Wabiza umkakhe othembekileyo. Wathi, "S'thandwa, kuya ngokuba mnyama ekamelweni, kuba mnyama kakhulu, kuvaleka phakathi." Wayesebuyela ekuqulekeni.

99 Futhi ngenkathi enza, wathi waphupha, ngenkathi ekulokhu ukuquleka, ukuthi ubasi wakhe wamthuma enhla ukuba ayonquma umuthi othize. Wawuthola umuthi, wawugawula umuthi, waphisela imbazo yakhe kuwo, wayesekhothama ukuba awuqukule. Akakwazanga nje ukuba awuqukule. Wathi amandla akhe ayencipha. Akakwazanga nje ukuwuqukula. Wathi, "Wonke usayizi lowomuthi oyiwo, impela ngingawuqukula lowo. Angizame futhi." Wayesegoba wayesewuphakamisa, washikashikeka nje waze wakhandleka. Uhlala phansi eceleni komuthi, wayesethi, "Angazi nje ukuthi ngizokwenzenjani. Ubasi udinga lomuthi ezansi lapho ekhempini, futhi ngibuthakathaka kakhulu ukuba ngiwehlise."

100 Wathi wezwa iPhimbo elimnandi kunawo onke ake awezwa, kwakungubasi wakhe owayekhuluma; kodwa wathi, ngenkathi ephenduka ukuba abone ukuthi wayengubani ubasi wakhe, kwakuyiNkosi uJesu. Wathi, "Paul, ulwelani kakhulu kangaka na? Uxakekelani ngakho konke na? Uyawabona lawomanzi ageleza lapho na?" Wathi, "Awuluphosi ngani nje ugodo emfuleni, bese ulugibela lwehle na? Lugibele uye ekhempini."

101 Wagxumela ogodweni wayeseqala ukwehla phezu kwemigelezo, edazuluka ngalo lonke iphimbo lakhe. "Ngilugibele! Ngilugibele!"

102 Mfowethu, dade, uJesu Kristu wethembisa lezizinto ukuthi zenzeke ngezinsuku zokugcina. Ngikholwa ukuthi siphila lapha. Ngikholwa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Angazi ukuthi kwenzeka kanjani, kodwa ngiLigibele. Ngikholwa ukuthi LiyiQiniso, ngoba LiyiVangeli, indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi LinguMlayezo wehora, isikhathi esiphila kuso. Liyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. NgiLigibele!

Ningegxumele kulo kanye nami, sisakhothamisa amakhanda ethu na?

103 Baba waseZulwini, sigibele eNkazimulweni phezu kweZwi laKho. Sikholwa ukuthi iZwi laKho liyiQiniso. O Nkulunkulu, kwangathi wonke owesilisa nowesifazane, kulobubusuku, bangagibela iZwi, futhi bakhumbule, lapho behambisana bedabula behlela ohambweni, bangavuma, "Ngigibele isithembiso sikaNkulunkulu. Sizongiyisa eNkazimulweni ngqo. Siyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu sami namhlanje. 'UJesu Kristu Nguyena izolo, namuhla, naphakade.'"

104 Wena wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina; ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini." Wasethembisa, Nkosi, ukuthi siyoKubona.

105 AmaGreki ayafika, ngesinye isikhathi, ayesethi, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Futhi anikwa lelothuba. Futhi kulobubusuku, Nkosi, sifuna ukuKubona, futhi. Kuyisifiso senhliziyo yethu. Akekho ongake aze ezwe ngaWe, ngaphandle uma befuna ukuKubona. Manje–ke uma lamaGreki wavunyelwa ukuKubona, futhi Wasihlinzekela indlela ukuba siKubone, njalo Wena wenza indlela ngoba Nguwena izolo, namuhla, naphakade. Inceku yaletha lamaGreki eBukhoneni baKho, futhi athola ukuKubona. Siphe inhlanhla efanayo kulobubusuku, Baba. Kwangathi thina, njengezinceku, singaletha lezizethameli eBukhoneni baKho. Futhi kwangathi singabona uJesu, kulobubusuku, Onguyena izolo, namuhla, naphakade. Siphe khona, Nkosi.

106 Sindisa abalahlekile, Nkosi, uma kubakhona owesilisa, owesifazane, umfana, noma intombazane. Uma sibona isizwe sakithi sonakele kangaka ngababulali nokunqumana imiqala, nezimpendukezelo nokubona ukonakala esizweni namhlanje! Nokubona ukonakala emabandleni, nokubabona beholeleka kulokho kuhlatshwa kwenkolo yonke yobukristu enhla lapho, ngoba abahambi ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu! Bahamba ngendlela yesinye isivumokholo esikhundleni sokuza ngeZwi.

107 Nkulunkulu, siyakhuleka ukuthi lokho kwangempela, kwangoqobo, amaKristu azelwe, njengoba ngikufanekise ngokwenza, ngokuba ngamadada angempela, ba . . . "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi, umfokazi aziyikumlandela." Nkosi, iPhimbo laKho liyiZwi. Lokho njalo bekuyindlela yaKho ehlinzekiwe yeBandla neyabantu, yiZwi laKho. "IZwi laKho liyiQiniso." Futhi Wena uyiZwi. NeBhayibheli liyasitshela, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika–nhlangothi zombili, elehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo."

108 Kungani uIsrayeli bengakwazanga ukubona uMesiya wabo, ngenkathi bebona ukuthi WayeyileloZwi, ngenkathi Ekwazi ukwehlulela imicabango owawusenhliziyweni yabo na? Abakwenzanga ngani na? Bakuqonda ngabaprofethi, ukuthi abaprofethi bakwazi; kodwa ngenkathi ukugcwala

kukaNkulunkulu kwakwenziwa eNdodaneni yaKhe, futhi Waphila phakathi kwethu, base behluleka–ke ukukubona ngoba babephuphuthekile.

109 Nkosi, labo abanamehlo abo evulekile, kulobubusuku, kwangathi singabona uJesu phakathi kwethu. Kwangathi wonke umuntu ogulayo angaphiliswa. Kwangathi lokhu kungakuxazulula, Nkosi, ukuthi abasoze, nhlobo, kusukela kulelihora kuqhubeke. . . kodwa lowo ozokholwa ukuthi Wena unguMesiya. Beza ngendlela kaNkulunkulu. Abaningi babo bakhona lapha, kulobubusuku, befa. Kunabaningi lapha, kulobubusuku, mhlampe abangeke babe lapha iviki kusukela namhlanje, uma Wena, usizo lwaKho lungafiki.

110 Manje, Baba, Unesibopho kuphela salokho Owakwethembisa. Kodwa Wethembisa ukuthi sasiyoKubona. Wethembisa ukuthi Owakwenzayo nathi sasiyokwenza. Yileli ihora. Ngikuvumile; ngiyakukholwa. NgiKuzwile usho njalo; iZwi laKho lisho njalo. Uyakuqinisa. Ngiyazi kuyiqiniso. Manje makwaziwe, Nkosi. Kulotshiwe, manje makwenziwe, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Amen.

111 Angikholwa ukuthi sizobiza umugqa womkhuleko. Ngikholwa ukuthi nje ngizokusebenzisa ngikhona lapha.

112 Bangaki kini ogulayo na? Manje ningaba yi. . . Ubambe isandla sakho, ufakaza ukuthi uyagula.

113 Bangaki kini abazofakaza into efanayo, "Mfowethu Branham, ngempela angisindisiwe"? Ungasiphakamisa isandla sakho, "Ngikhulekele"? UNkulunkulu anibusise, nina. Lokho kuhle. Lokho yi. . . UNkulunkulu anibusise. "Angisindisiwe."

114 Manje, nina eniphakamise izandla zenu, nani eningaziphakamisanga, "Kodwa, Mfowethu Branham, qiniso ngifuna ukusindiswa. Yinhliziyo yami. Ngikholwa ukuthi akukho okusele kwanoma ubani ezweni." Yini okunye, yini obungayizuza ngempumelelo, ebingabankulu ukwedlula insindiso yakho na? "Ngikhulekele. Ngifuna ukusindiswa." Ungasiphakamisa isandla sakho, kuyoyonke indlu, noma kuphi, "Ngifuna. . . "?

115 Bangaki kini abangakamemukeli uMoya oNgcwele, uthi, "Ngiyazi ngifanele ngiMemukele"? Phakamisani izandla zenu. "Angikamemukeli; ngiyafuna." Kulungile, kunabayingcosana impela ongakamemukeli.

116 Manje, uKristu uyaligcina iZwi laKhe, futhi nifanele nigcine ukukholwa kwenu kukuYe. UyiZwi. Manje, amaHeberu isahluko 4, asho ukuthi, "iZwi likaNkulunkulu," elinguKristu. UKristu uyiZwi. Nonke niyakwazi lokho na? Thanini "amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UyiZwi, "nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ayeyikho kuMose, Wayeyikho nakuElija; Ayeyikho kuElija, Wayeyikho kuJohane; Ayeyikho kuJohane, Waziphelelisa Yena uqobo ku—kuJesu. Futhi namuhla

Uyafana njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, futhi kusalokhu kuyiZwi likaNkulunkulu liprofethelwe usuku, okuMenza abe ngukuKhanya okukhanyisa bha futhi kuqinisekise iZwi elithenjisiwe.

117 Sisekupheleni kwesikhathi, bangani. UJesu ukhona. Ngiyazi nikuzwile lokho.

118 Ukuba–ke awuzange uze ubone, empilweni yakho, futhi ungazange waba nomuzwa wokubona, kungekho-sidalwa esingumuntu esakwenzayo, kodwa kuthi khona manjalo ngesikhashana wezwa ukuzwa okufudumele ngempela na? Futhi ngaba nokubona, ngabona, futhi ngakutshela ukuthi kwakuyilanga. Uthi, "Angazi ukuthi kwenzeka kanjani, kodwa ngithola ukuzwa, njengokufudumele, ungezwa."

Ngithi, "Lelo yilanga."

"Yini ilanga na?"

"Ngukukhanya."

"Yini ukukhanya na?" Konke bekungaba yizwe elisha kuwe.

119 Kodwa ukuba–ke bengikutshele ukuthi uJesu Kristu ubemi lapha manje na? Ukuba–ke bengikutshele ukuthi Uphakathi kwethu na? Wakwethembisa. "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, naMi ngiphakathi kwabo. Nami ngikhona!" Manje lokho kuphakathi kokuthi kuyiQiniso, kimi, *Leli* yilo lonke iQiniso, kungenjalo aLisilo iQiniso. *Leli li*phakathi kokuthi liQinisile, kungenjalo aliqinisile.

120 Manje, mayelana nokusindisa nina, Wakwenza lokho ngenkathi Efa eKalvari. Eniphilisa, Wakwenza lokho ngenkathi Efa eKalvari. Niyakukholwa lokho. IZwi lathi Wakwenza.

121 Manje into kuphela Abengayenza, ukuba Ubemi lapha e— egqoke lesudu, Angipha yona, bekungaba kuphela ukufakazisa kini ukuthi WayenguMesiya.

122 Hhayi ngezibazi zezipikili esandleni saKhe. Noma yimuphi umzenzisi angakwenza lokho, abeke izibazi zezipikili, negazi ebusweni bakhe, nomaka nezinto. Lokho kungenziwa. Lokho bekukhona. Umuntu omningi waze wabethelwa ngisho njengaYe. Lokho akusikho.

123 Kodwa ukuPhila kwaKhe, okwakukuYe! "INdodana ingenze lutho, ngokwaYo, kodwa Lokho ebona uYise ekwenza." NgukuPhila okukuYe, lokho kwafakazisa. Hhayi ngoba WayeyiJuda ukuthi owesifazane omncane emthonjeni waMkholwa ukuthi unguMesiya; ngoba Wayekwazi ukwehlulela imicabango owawusenhliziyweni yakhe, lokho kwaMenza uMesiya. Uma leyo kwakuyindlela uMesiya Azethula ngayo ngezinsuku ezedlulayo, leyo kwakuyindlela yaKhe ehlinzekiweyo ukuba Azazise. Leyo yindlela yaKhe ehlinzekiweyo, ngokomBhalo, walonyaka. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

124 Manje, ngamunye wenu lapha, ngiyisihambi. Ngiqalazile, angiboni-muntu engimaziyo. Wonke umuntu phakathi lapha, ongangazi, nowaziyo ukuthi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu. Kuqinile, ndawo zonke. Lomuntu olele lapha kuloluhlaka lombhede, uphakamise isandla sakhe. Ubengangazi. Akukho-muntu ongaziyo.

125 Kodwa khumbulani, uNkulunkulu uyanazi. UNkulunkulu uyanazi. Manje, uma Efakazisa ukuthi Ulapha.

"Kuyini, Mfowethu Branham?" Yisiphiwo.

126 Yini isiphiwo na? Yini isiphiwo, empeleni na? Hhayi ukuthatha into ethize bese usebenzisa into ethize, uthi, "Nginesiphiwo sokuphilisa! Ngiyaphuma bese ngiphilisa *lona,* ngiphilise *lowo.*" Ukuba bengingakwenza, impela bengiyokwenza. Manje, kodwa, isiphiwo, futhi ni—ni . . . Usihumusha ngokungesikho isiphiwo. I*siphiwo* singukuthi nje "uzidedise wena endleleni bese udedela uMoya oNgcwele akusebenzise." Niyabo? Leso yisiphiwo.

127 Uyilokho–ke umfundisi. Akashumayeli afuna ukukushumayela. Uvele nje azidedise yena endleleni, yisiphiwo, futhi kufika ukuphefumulelwa, futhi u—ukhuluma ngokuphefumulela kukaMoya oNgcwele. Noma yisiphi esinye isiphiwo yindlela efanayo. Manje, iziphiwo zobufundisi, nokunye nokunye, bekunjalo. Kukhona, kuqala, eseziphiwo ezinikezwe nguNkulunkulu, ngukuthi, "kuqala abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, nabavangeli." Lezo yizikhundla. Leso yiziphiwo zethu.

128 Manje, uJesu Kristu wethembisa ukuthi Uyokwenza lokhu ngezinsuku zokugcina. Uma Ekwenza, uma Ethembisa lokho futhi ezokwenza, bangaki abazokholwa futhi baMemukele, kulobubusuku na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "NgizoMemukela." Bangaki phakathi lapha–ke . . . Ngiyabonga. Bangaki phakathi lapha ongakaze abe komunye wemihlangano ngaphambili, phakamisa isandla sakho. He, cishe uhhafu wesixuku. Bangaki okholwayo, ngaphambi kokuba Akwenze, niyakholwa empeleni na? UNkulunkulu anibusise.

129 Manje bukani. Uma nginitshele iQiniso, uNkulunkulu ubophezelekile ukuba angiphendule. Uzongiphendula. Ufaka amaZwi aKhe emlonyeni wakho futhi Ayaphatheka. Kunjalo, LingamaZwi aKhe, Lizofanele likwenze. "Ngithumele iZwi laMi, Aliyikubuya-ze."

130 Manje, ukuba bengingaphilisa, bengingakwenza. Njengohloniphekile nje, ongasekho, uMfowethu Upshaw esasikhuluma ngaye. Leyondoda endala ihlezi emuva lapho kulesosihlalo esinamasondo, indoda endala eyiqhawe, ngabe ngamphilisa ukuba ngangingakwenza. Ngaqala ukusuka emsamo, ngokukhuluma obala, ngase ngiphenduka ngase ngimbona embonweni, ehamba, ehamba ngezinyawo. Ngambiza,

ngamtshela ukuthi kwakuyini, futhi kwakuyilokho. Wasukuma wayesehamba ngezinyawo, uza emsamo, wathinta izinzwane zakhe, emva kokukhubazeka iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha. Niyabo?

131 Ngobusuku obufanayo, inenekazi eliyikhaladi, nengane yalo, ezansi lapho eceleni. Ngathi, "Ngibona u—udokotela efake izibuko, futhi—futhi uhlinze encane, intombazane yekhaladi, futhi kuyikhubaze kusukela emphinjeni wayo."

132 Owesifazane omdala oyikhaladi, kwakul'khuni ukuba umbambe umsuse emsamo. Wathi, "Nkosi, hawukela, leyo yingane yami!" Futhi nangu eza, isigejane sabangenisi sasingakwazi ngisho nokumbamba.

133 Ngathi, "Annie, ngeke kusize ukwenyukela lapha. Lokho aku. . . Lowo nguNkulunkulu." Ngathi, "Ngeke kusize ngalutho ukuza lapha. Kholwa nje." Wayeseguqa ngamadolo akhe wayeseqala ukukhuleka. Ngabuka ngale kwezethameli ngase ngibona indlela enqamula phakathi kwezakhiwo, sengathi, ihamba. Ngibone intombazane encane yekhaladi nonodoli ezingalweni zayo, yehla ngendlela enqamula phakathi kwezakhiwo. Ngase ngiyibuka encane, intombazane yekhaladi, ngabuka emuva, futhi kwakuyiyo yona leyo. Ngathi, "Sekuphenduliwe." Yasukuma, futhi yasho yasuka ohlakeni lombhede. Niyabo?

134 NguNkulunkulu. Niyabo? NguNkulunkulu. Niyabo? Ngeke a. . . Akekho ongaphilisa. Ngukukholwa kwakho kuNkulunkulu.

135 Manje, iBhayibheli lasho, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UmPristi oMkhulu! Manje, uma EngumPristi oMkhulu, Ubeyokwenza kanjani na? Uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade. Ubeyokwenza ngokufanayo izolo, namuhla, naphakade.

136 Manje khulekani, futhi nivumele uMoya oNgcwele–ke. . . Thanini kuNkulunkulu, "Nkulunkulu, lomuntu omi lapho akangazi, kodwa Akushoyo kunomqondo. Wena uyafana. UnguKristu. Ngiyagula. Ngiyadinga. Futhi uma Ungivumela kube phakathi kokuthi ngi. . . Uma ngingenakho ukukholwa ukuba ngikwenze, makuthi umuntu engimaziyo abe nokukholwa, futhi maku. . . Biza bese uvumela—vumela—vumela mina noma lowomuntu athinte umphetho weNgubo yaKho eNkazimulweni. Bese kuthi–ke uma lowomuntu ephumile endleleni, bese–ke Usebenzisa umlomo wakhe ukuba aphendule, futhi nje ukwenze ngendlela efanayo Owenza ngayo ngenkathi Usesemhlabeni. Ngizokwazi ukuthi Unguwena izolo, namuhla, naphakade."

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

137 Nkosi Jesu, kuphenduka kusuka ebuvangelini kuya emsebenzini wokuprofetha, kodwa nokho ngiyaKukholwa, Nkosi, Wakwethembisa. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona, kulobubusuku. Siphe khona. Ngizwe. Uma lezizethameli sezisuka lapha, kulobubusuku, bese siya ekhaya, kwangathi singasho njengalabo abevela e Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" UJesu wavuswa kwabafileyo; abakwazanga. Babekhuluma kuYe; abakwazanga. Kodwa ngenkathi Esebafake endlini, futhi wavala umnyango, khona–ke Wenza into ethize ngendlela Ayenza ngayo ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Lokho kwavula amehlo abo. Babona ukuthi kwakunguYe. Futhi, Nkosi, kwangathi izinhliziyo zethu zingavutha njengoba siya ekhaya kulobubusuku, njengoba kwenza ezabo. Ngokuba siyazi ukuthi Ukhulume kithi endleleni. Yenza izinto, kulobubusuku, Owazenzayo ngenkathi Usesemhlabeni, ngokuba Unguwena izolo, namuhla, naphakade. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

138 Manje yibani semkhulekweni futhi nje nikholwe. Asehlukanise *lolu*hlangothi, kuqala. Akunandaba ukuthi nikuphi, endlini, kholwani uNkulunkulu. Ngifisa sengathi wonk'umuntu ubengahlonipha ngokuzithoba ngempela futhi ahlale athule, akhuleke.

139 Lokhu akunakwenzeka ngempela ngempela. Bengikhuluma kulokhu ukusa, ekudleni kwasekuseni kwabefundisi, "indida." I*ndida* ingokungakholakali, "into ethize engakholakali, kodwa nokho iyiqiniso." Niyazi ukuthi uMoya oNgcwele ubungama lapha futhi ukhulume into ethize kulezozethameli, kubantu engingabazi, bekungaba yindida. Kuyinto ethize engenakuchazwa. Angazi ukuthi Uzoyenza. Ngiyethemba nje ukuthi Uzoyenza, ngithemba ukuthi Uzoyenza.

140 Manje khuleka nje, bese uthi, "Nkosi Jesu, ngifuna ukuthinta ingubo yaKho, futhi ngi—nginesidingo. NgiyaKwethembisa, Nkosi, ngizo—ngizoKukhonza yonke impilo yami." UNkulunkulu ufuna uphenduke. Uma ungaphendukile; phenduka, uthi, "Ngifuna ukuphenduka, Nkosi. Ngifuna Wena ungiphilise. Ngifuna Wena ungibusise. Ngiphilise manje Nkosi. Ngiyinceku yaKho."

141 Bengizo . . . Niwakhiphile amakhadi omkhuleko namhlanje na? Bengizobuza uBilly nje ukuthi ngabe . . . Uma engakwenzi, ngizobiza umugqa womkhuleko. Kodwa abawakhiphi neze amakhadi omkhuleko namhlanje. Hlalani nihloniphe ngokuzithoba nje, kholwani.

142 Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha yonke imimoya lapha ibe ngaphansi kokulawula kwami, ngenzele inkazimulo kaNkulunkulu, ukuze iZwi laKhe lenziwe laziwe, ukuthi ngoSuku lokwaHlulelwa asiyikuba nazaba.

143 Manje buka ngapha, futhi ukholwe manje. Khuleka ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi khuleka nje, futhi uthobe. Ungalwi naLo. Ziphumuze nje, bese uthi, "Nkosi, Wenza isithembiso. NgiyaKukholwa." Yilokho engifanele ngikwenze.

144 Ngiyazi akukho sidingo kimi ukuba nginibuze. Bangaki abake babona lokho kuKhanya na? Ake sibone. Nisibonile isithombe saKho. Ake sibone izandla zenu, owake wabona isithombe saKho. AniKuboni khona lapho na? Niyabo, ngelinye izinga. Kuphezu kwalelonenekazi ngqo.

145 Liphethwe yinkathazo ngemilenze yalo neqolo. Li. . . Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa, dadewethu na? Uthinteni na? Awungazi, kodwa uthinte Into ethize. Uma iNkosi uJesu ezongitshela ukuthi ungubani, lokho kuzokwenza ukholwe kangcono na? UnguNkk. Phillips. Uma lokho kunjalo, yima ngezinyawo zakho. Kulungile. Ngiyisihambi uqobo kuwe na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Angikaze ngimbone empilweni yami. Uthinteni na? Hambani nikhulume kowesifazane, kamuva. Izinhlungu zonke sezihambile manje. Usukahle. Usungaya ekhaya futhi usinde.

146 Nanti inenekazi, emuva ngqo emva kwalo lapho. Liphethwe ukugula kwemizwa. O Nkulunkulu, uma linga. . . Igama lalo nguNkk. Star. Kholwa, uJesu Kristu uzokusindisa. Sukuma ume ngezinyawo zakho bese wemukela ukuphiliswa kwakho. Uma ngiyisihambi kuwe, vayizisa izandla zakho. Ukugula kwakho kwemizwa sekuphelile. UJesu Kristu uyakusindisa.

147 Wethembisani na? Wakwethembisa. Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

148 Nanto inenekazi emva kwalo ngqo, lihlezi lapho. Liyakhuleka. Liphethwe yimizwa, linezifo ezelakanyanayo. Lifuna ukuyeka ukubhema. Igama lalo nguNkk. Bordon. Sukuma, Nkk. Bordon. Osikilidi bakho sebephelile. UJesu Kristu uyakusindisa. Angikaze ngibabone abesifazane empilweni yami.

149 Niyakholwa na? Manje niyazi ngeke ngakwenza lokho. Lowo nguJesu Kristu. Yini na? "IZwi lishesha kakhulu, linamandla kakhulu, kunenkemba esika-nhlangothi zombili, elehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." YiZwi, uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ningekukholwe lokho na?

150 Lapha, lapha kuhlezi indoda ehlezi ngapha, inesibhono, inkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Angiyazi indoda. Angikaze ngiyibone. Kodwa ingumfundisi. UMfundisi ohloniphekileyo, uMnu. Kinsey. Kunjalo. Uyakholwa, mnumzane na? Sukuma ume ngezinyawo zakho bese wemukela ukuphiliswa kwakho. UJesu Kristu uyakusindisa.

151 Kambe, ungangisiza, ngokuba ngumfundisi? Beka izandla zakho phezu komkakho, uphethwe yinkathazo yezinso, nenkathazo yesibindi, nesisindo eseqile, nezifo ezelakanyanayo.

Beka izandla zakho phezu kwakhe. Kuzosuka kuye, uma ukholwa.

152 Awusho, nanso indoda ihlezi emva kwakho ngqo, isibekelwe ukufa. Inomdlavuza. Indoda iphethwe yithumba, umdlavuza, ukugula kwemizwa. Igama layo nguMnu. Young. Kholwa manje. UJesu Kristu uyakusindisa. Uyakukholwa na? Uyakwemukela na? Kulungile, mnumzane.

153 Nakhu kulele indoda, ilele lapha kuloluhlaka lombhede. Mnumzane, angikwazi. Uma bengingakuphilisa, bengingakwenza. Ngiyisihambi kuwe. Uze usuka kuyoyonke lendlela. Wenze umzamo wokuza lapha. Ungeke wakufihla okungalungile kuwe; kodwa ngeke ngakuphilisa. Uze lapha nomkakho. Lowo nguye ohlezi lapho efake lelobhantshi elimbala osapentshisi. Kunjalo. Kulungile. Indoda isibekelwe ukufa; ingeke iphile kodwa isikhashana manje. Inomdlavuza.

154 Uyagula, futhi, dade. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi uguliswa yini na? Yinkathazo yakho yeqolo. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, sukuma. Kulungile, wemukela ukuphiliswa kwakho. Kukholwe. Beka isandla sakho phezu komyeni wakho.

155 Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, mnumzane na? Uma ulele lapho, uzofa ngempela. Ungeke waphila. Yilokho kuphela. Odokotela usekudelile. Umdlavuza usukudle wakuqeda. Ngibone izehlakalo ezinkulu kunawe uphiliswa. Ngeke ngakuphilisa. Kodwa uma uzokwemukela nje futhi ukukholwe! Uyakukholwa na? Yilona kuphela ithuba lakho. Izikhathi zakho zokugcina ziyedlula. Uyakukholwa na? Uma ukukholwa, sukuma uphume kulolohlaka lombhede. Sukuma uphume lapho, eGameni likaJesu Kristu! Yima ngezinyawo zakho futhi uphile, bese uhamba ngezinyawo uphume lapha, ukhazimulisa uNkulunkulu. Omunye akamnike usizo lapho, amsize. Nango, ngezinyawo zakhe.

156 Bangaki phakathi lapha okholwayo na? [Ibandla liyajabula futhi lithi, “Amen.”—Umhl.] Phakamisani izandla zenu. Yimani ngezinyawo zenu. Nonke nina ofuna ukuphiliswa, sukumani, eGameni likaJesu Kristu. Phakamisani izandla zenu, nidumise uNkulunkulu. Mnikeni udumo nenkazimulo. Manje bongani iNkosi ngokuphiliswa kwenu, uJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade!

157 Mfowethu, odokotela wehlulekile. Lena yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Ikholweni!

158 Bangaki ofuna ukwemukela indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu na? Phakamisani izandla zenu futhi ninike uNkulunkulu udumo, nonke, futhi nikholwe ukuthi niyaphiliswa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

